Publication: Isolezwe (KZN)
Date: 19 May 2016
Page: 7

# Bacela usizo ngezikole eVuwani

**INTATHELI YESOLEZWE**

I-NATIONAL Education Collaboration Trust (NECT), ihlangene nezinye izinhlaka ezahlukene, izolo bacele usizo ukuze kulungiswe kabusha izikole ezicekelwe phansi ngomlilo kwadaleka umonakala ngesikhathi kunemibhikisho yomphakathi eVuwani, eLimpopo muva nje.

"Kubalulekile ukuthi sisho ukuthi sicela iminikelo yanoma yimalini kusuka erandini kuya ezigidini. Simema abantu baseNingizimu Afrika beze baphonse esivivaneni somphakathi eVuwani. Ngokwenza kanjalo siyobe sithumele umbiko oqinile ngokubaluleka kwezikole," kusho isikhulu esiphezulu seNECT uMnuz Godwin Khosa.

AbeNECT sebehlangane noMnyango weMfundo eyisiSekelo, izinhlangano zomphakathi zesiGaba 27, iBasic Education For All, abeHelen Suzman Foundation neKagiso Trust ngenhloso yokuqoqa imali yokwakha kabusha izikole futhi zifakwe nempahla.

"Esikhathini esingamahora ambalwa kwenziwe isicelo, labo esibambisene nabo sebenikele ngesihle imixhaso elinganiselwa ku R1.4 million," kusho Khosa.

"Selokhu iqalile imibhikisho abafundi sebelahlekelwe isikhathi esingu-10 wamaphesenti sokufunda esigamini sokuqala kulo nyaka. Uma kungenzeki ukuthi ukufunda nokufundisa kuqale ngokushesha eVuwani lokhu kuyosho ukuthi abafundi babhekene nokulahlekelwa ngu-30 wamaphesenti phezu kwalokho esikhathini abasihlelelwe."

Uthe iNECT nebambisene nabo bagxile ekutheni kusheshe kakhulu ukuqaliswa kokufunda eVuwani, ngesikhathi uhulumeni eqhubeka nokubheka izimbangela eziholele emibhikishweni futhi zilungiswe kubanjiswene nezinhlaka zomphakathi.

UKhosa uthe uhla olude lwezidingo eziphuthumayo zezikole zasendaweni, luhlanganisa ukwakha nezinto zokwakha nokulungisa amanye amagumbi okufundela angalimalanga kakhulu, impahla yangaphakathi, okubalwa izihlalo zabafundi ezingu-3 000 namadeski, amahhovisi ezokulawulwa kwezikole nezinsiza-kufundisa okuhlanganisa nezihlalo zothisha abalinganiselwa ku-400, amatafula, namakhompuyutha angu-126

Okunye okungenzeka ukuthi kuushe ngesikhathi kucekelwa phansi ngomlilo, amaphrojektha angu-24 nama-screens, imishini yokufothokhopha engu- 45, eyokushicilela engu-119, amakhabethe okugcina izincwadi angu-50 nezincwadi zesiTshivenda nesiXitsonga.

Izikole zidinga futhi nezincwadi zezinye izifundo, ama-study guides, amaphepha nokunye kokwengeza ezinhlelweni zothisha ezikoleni ezingama-primary angu-58 nama- secondary schools angu-28.

Okhulumela uMnyango weMfundo eyisiSekelo, uMnu Elijah Mhlanga, uthe ngenxa yomonakalo owenzekile, "izinto ngeke ziphinde zibe yilokho ebeziyikho phambilini futhi kuyothatha isikhathi eside kakhulu ukuthi kulungiswe".

"Sikhulumile nabafundi kuleya ndawo bazwakalisa intukuthelo ngokwenzekayo. Bafuna ukubuyela esikoleni kodwa ezinye izikole zishe zaphela kwangasala lutho. Mukhulu umsebenzi osihlalele nokuningi okudinga ukwakhiwa kabusha," kusho uMhlanga.

Kuyasikhuthaza okwenziwa ngamalungu omphakathi azinikele ekutheni afike eza ezikoleni ezosiza ukuba kukhucululwe. Nabafundi ngokunjalo bafikile bezosiza ukuba kuhlanzwe. Lokho kukhombisa ukuthi abafundi nomphakathi bazimisele ngempela ngemfundo."

Phambilini ngoLwesithathu uMnyango wezeMfundo waseLimpopo uthe usuhambe kakhulu umsebenzi wokuba kutholwe impahla yezikole ecekeleke phansi nokunye okudingekayo uma kufundwa kwezikole ezingaphezulu kuka-20 ezishe zangqongqa ngesikhathi kubhikishelwa ukuklanywa kabusha kwemingcele yomasipala.

Kudingeka okungenani amagumbi esikhashana ngu-74 angamumatha abafundi abangu- 60,000 ngesikhathi uhulumeni esakha kabusha izikole ezicekelwe phansi. Owezemfundo uthe ngenxa yokuthi ukudla nempahla yangaphakathi akukho, bababuyisela emakhaya abafundi.

Okunye okukhinyabeza ukuqala kofundisa, ukwesatshiswa kothisha okwenziwa ngabathile.

This material has been copied under a DALRO licence and is not for resale or retransmission